

1

Uthanda ukwenzani?





Ngithanda ukucula.



Ngithanda ukufunda.



Ngithanda ukudweba.



Ngithanda ukubala nokwenza izinto.



Ngithanda ukubhala.



Ngithanda ukupenda.



Angithandi ukwenza iphutha!

2

Umndeni nabangani bami





Ngumama lona.



Ngubaba lona.




Ngugogo lona.



Ngumalume no-anti laba.



**Ngumfowethu omdala nodadewethu
omncane laba.**



Umndeni wami-ke lona.



Ngabangani bami abakhulu laba.

3

Siya eholidini





Halala kithina!

Sekungamaholidi esikole.

Imoto seyilungile.

Sizoya ngayo ebhishi.



Ngizopakisha ...

Amaphijama ami aphuzi.

Isikhindi sami esiluhlaza satshani.



Uma kubanda ngizogqoka:
Amasokisi ami amhlophe
nesikhafu sami sase Ningizimu Afrika.



Itrekisudu yami esasibhakabhaka.

Ibhulukwe lami elimnyama kanye
nejezi lami.



Isigqoko sami selanga.


Amateki ami amhlophe.

Isikibha esinemikhono emide.

We mame!!



Awu cha! Ngoba kuyashisa,
ngizophatha izingubo zami ezipholile.



Umndeni wami ujabule.
Sesiya eholidini.
Sonke singena emotweni.


4

Ukuphepha





Ungagibeli phezu kwendlu.



Ungajikijeli amatshe.



Ungadlali ngemithi.



Ungadlali ngomlilo.



Ungadlali emgwaqweni.



Ungadlaleli eduze namanzi.



Kunalokho, woza sizodlala ebaleni.

5


Kwenzenjani?





Dokotela, dokotela, ngisize.

Ngiphethwe yisisu.




Dokotela, dokotela, ngisize.

Ngiyakhwehlela.




Dokotela, dokotela, ngisize.

Ngiphethwe umkhuhlane.



Dokotela, dokotela, ngisize.

Ngiphethwe yikhanda.



Dokotela, dokotela, ngisize.


Ngiphethwe yiqolo.



Dokotela, dokotela, ngisize.

Ngiphethwe yindlebe.

Mmm! Waze
wamubi lo muthi!




Kufanele uphuze umuthi, uzokusiza.


6

Izilwane zasendle






Ngibona indlulamithi ende, ilaphaya.




Ngibona indlovu enkulu.




Ngibona izinyane lenyamazane.


Bona ubhejane omkhulu!




Ngibona inyoka ende.



Ngibona imvubu embi.



**Ngibona ibhubesi elikhulu, sengathi
lilambile.**



Bhasobhani, niyabona-ke?
Masibalekeni!